ISIMEMEZELO SEZICELO KULABO ABAFISA UKUBA YINGXENYE YEKOMIDI LEZOCWANINGO, UPHUCULO KANYE NOKUSHICILELA LAMAFA NESIKHUNGO SEZOCWANINGO KWAZULU-NATAL

UMthetho weKwaZulu-Natal Amafa Nesikhungo Sezocwaningo uNo. 5 wezi-2018, wakhishwa ngoZibandlela wezi-2018. ISigaba sesi-5 soMthetho saqalisa isiKhungo sAmafa njengesikhungo somphakathi. Isikhungo Amafa silawulwa uMkhandlu oqokwa uMphathiswa (MEC) iminyaka emithathu. UMthetho ugunyaza uMkhandlu ukuba uqoke lowo ozoba uMphathi Wesikhungo (HOSA) ukuba ahole isikhungo. Isikhungo Amafa sisingethe izindawo ezingamagugu esifundazweni futhi yisona esizihlonzayo, sizivikele sibuye sihlinzeke ulwazi ngazo. NgokweSigaba 2. (1)(b) soMthetho waKwaZulu-Natal wAmafa Nesikhungo Sezocwaningo, uMthetho 5 wezi-2018, izinhloso zesikhungo yilezi –

(a) ukwenza ucwaningo lwesifundazwe, ukuqoqa ulwazi nokubhekana nezinselelo kanye nokuthola izisombululo zalezo zinselelo ukuze kuphuculwe impilo yabantu bakulesi sifundazwe.

(b) ukwedlulisela ulwazi nezisombululo okuzuzwe ngesikhathi kwenziwa ucwaningo kulezo zinhlangano, imiphakathi noma abantu.

UMkhandlu wasungula iKomidi Locwaningo, Uphuculo Nokushicilela. Ukuhlinzeka leli Komidi ngamakhono adingekayo, Isikhungo sifisa ukuqoka amalungu amabili engeziwe kuleli Komidi. Kumenywa ongoti ukuba bafake izicelo zokuba amalungu aleli Komidi.

Amafa Nesikhungo Socwaningo KwaZulu-Natal kudinga amalungu amabili okwengeza analokhu okulandelayo:

Owokuqala oneziqu zemfundo kumele abe nalokhu okulandelayo:

- Iziqu ezifanelekile emkhakheni wezeSintu.
- Iminyaka emihlanu enza ucwaningo olusemkhakheni Wezamagugu Nezesintu,
- Eseshicilele okungenani amaphepha ayisihlanu noma izahluko ezincwadini kepha kube okubuyekezwe ontanga kwezocwaningo.
- Kumele abe ngonokuxhumana nesikhungo semfundo ephakeme noma isikhungo socwaningo.

Owesibili onolwazi lomdabu kumele abe nalokhu okulandelayo:

- Aziwe njengongoti wolwazi lomdabu emphakathini awakhele, futhi ephosile nasesivivaneni socwaningo.

- Abe nolwazi olunzulu kwezamagugu, umlando kanye namasiko.

Ubungcweti:

Lowo ofake isicelo kumele abe nalokhu okulandelayo:

- Kumele abe namava kwezobuholi,
- Akwazi ukubamba iqhaza ezingxoxweni kanye nokuhola izingxoxo,
- Aqonde ngokuphelele iKomidi njengengxenye yesakhiwo sezokuphatha.

Imisebenzi enqala:

- Ukubhekelela zonke izindaba ezithinta Ezocwaningo, Uphuculo kanye Nokushicilela bese eluleka uMkhandlu.
- Ukuba yiso, nokuqinisekisa ukuthi konke okukhonjwe uMkhandlu kwAmafa okuthinta Ezocwaningo, Uphuculo kanye Nokushicilela kuyenziwa.
- Ukubheka imibiko evela kuMphathisikhungo mayelana nezindikimba, okuqhubekayo ngocwaningo kanye nokushicilelwa lsikhungo Amafa.

Isikhathi Sokuba SeKomidini kanye nenkokhelo:

- Isikhathi sokuba seKomidini siyohamba ngokulinganayo nesoMkhandlu.
- Imali yokwethamela umhlangano evunywe uMkhandlu iyokhokhelwa lokho okwenziwe.
- Imihlangano yeKomidi iyohlala kanye ngekwata, noma uma kunesidingo.

Uhlelo lokufaka isicelo

- Ukufaka isicelo kumele kube nencwadi yesicelo, i-CV kanye namakhophi ezitifiketi zemfundo.
- Izicelo kumele ziqondiswe kuMphathi Wesikhungo.
- Izicelo kumele zithunyelwe lapha: applications@amafainstitute.org.za
- Usuku lokuvala Lwesihlanu mhlaka -30 kuMfumfu 2026.
- Mayelana neminye imibuzo ungaxhumana neSekela loMphathi, Ezocwaningo Nophuculo, uMnu. Mwelela Cele, applications@amafainstitute.org.za noma kule nombolo 033 394 6543.

KWAZULU-NATAL
AMAFA
& RESEARCH INSTITUTE